

**Ngu Mongameli  
uThomas S. Monson**



# “Uvukile”

## UBUFAKAZI BUKAMPROFETHI

**U**bizo olunomsindo ozwakalayo lukaCristendom,” uMongameli uThomas S. Monson wamemezela, ukuthi uJesu waseNazareth wavuka kwabafileyo. “Ukuvuka Kwabafileyo kwangempela kunikeza komunye kanye noxolo olungaphezu kokuqonda” (bona AbaseFiliphi 4:7).<sup>1</sup>

Kulezimo ezilandelayo, uMongameli uMonson wabelana nobufakazi bakhe bokubonga Ukuvuka Kwabafileyo boMsindisi futhi umemezela ukuthi ngokuba iNdodana yanqoba ukufa, bonke abantwana bakaBaba abeza kulomhlaba bazakuphila futhi.

### **Impilo emva Kokufa**

Ngiyakholwa ukuthi akekho kithina ongacabanga ngokubaluleka okukhulu okwenziwa nguKrestu eGethsemane, kepha ngiyabonga ngazonke izinsuku zempilo yami ngomnikelo wokuhlawulelwa Kwakhe.

“Esikhathini sokugcina, Wayengabuyela emuva. Kodwa Akazange. Wadlula kuzonke izinto eziphansi ukuze Akwazi ukusindisa zonke izinto. Ekwenzeni kanjalo, Wasinikeza impilo edlula lena yokuphila ngokwenyama. Wasisindisa Ekuweni kuka Adamu.

“Ngaphakathi komphfumulo wami, Ngiyabonga Kuyena. Wasifundisa ukuthi kumele siphile kanjani. Wasifundisa ukuthi kumele sife kanjani. Wavikela insindiso yethu”<sup>2</sup>

### **Ukuxosha Ubumnyama boKufa**

“Kwezinye izindawo, njengasekuhluphekeni kanye nasekuguleni, ukufa kuza njengengelosi yozwelo. Kepha esikhathini esiningi, sikucabanga njengesitha senjabulo kumuntu.

“Ubumnyama kokufa kungaxoshwa ukukhanya kweqiniso eliveziweyo. ‘Nginguvuko lwabafileyo, futhi nempilo,’ yakhuluma iNkosi. ‘Loyo okholwayo kimi, noma efile, nokho uzakuphila: Futhi loyo ophilayo futhi okholwayo kimi akasoze afe.’

“Lesisiqiniseko—yebo, ngisho nesiqiniseko esingcwele—sempilo ngaphambili kwengcwaba kungaletha ukuthula okwathenjiswa nguMsindisi ngenkathi Yena athembisa abalandeli Bakhe: ‘Ukuthula ngikushiya nani, ukuthula kwami ngikunikeza nina: hhayi njengomhlaba unikeza, Ngiyaninikezela kinina Izinhliziyu zenu mazingakhathazeki, noma zisabe.’”<sup>3</sup>

### **Akekho Lapha**

“Umsindisi Wethu waphila futhi. Isehlakalo esikhulu kakhulu, esiduduzayo, futhi esithembisayo kuzonke izehlakalo kumlando womuntu senzeka —ukunqoba ukufa. Ubuhlungu kanye nokuhlupheka kwaseGethsemane kanye neCalavari kwasuswa. Insindiso yomuntu yavikeleka. Ukuwa kukaAdamu kwabuyiswa.

“Ingcwaba elalingenalutho kuleloPhasika lokuqala ekuseni kwakuyimpindulo yombuzo kaJobe, ‘Uma umuntu efa, uzakuphinda aphilile futhi?’ Kumsindo

ophuma kwizi lami, Ngiyamemezela, Uma umuntu efa, uzakuphinda aphile futhi. Siyazi, ngokuba sinakho ukukhanya kweqiniso eliveziweyo. . . .

“Bafowethu kanye nodade bethu abathandekayo, kwihora lethu losizi olukhu, singathola ukuthula okujulile okuvela emagameni engelosi ekuseni baleyoPhasika yokuqala: ‘Akekho lapha: uvukile.’”<sup>4</sup>

### Konke Kuzaphila Futhi

“Siyahleka, siyakhala, siyasebenza, siyadlala, siyathanda, siyaphila. Bese siyafa. . . .

“Futhi sizakufa kepha Indoda eyodwa futhi nenhloso Yayo, naye uJesu wase Nazareth. . . .

“Ngayoyonke inhliziyo yami futhi nomfutho womphfumulo wami, Ngiqhakamisa izwi lami kubufakazi njengofakazi obukhethekile ukuthi uNkulunkulu uyaphila. uJesu uyiNdodana Yakhe, Ezelwe yodwa yakaBaba ngokwenyama. UnguMsindisi wethu; Ungumahlukanisi wethu kanye noBaba. Loyo owafela esiphambanweni ukuhlawulelwa izono zethu. Waba izithelo zokuqala zokuVuka Kwabafileyo. Ngokuba Yena wafa, konke kuzakuphila futhi.”<sup>5</sup>

### Ubufakazi Bami

“Ngimemezela ubufakazi bami ukuthi ukufa kunqontshiwe, impumelelo ngaphezulu kwethuna kubeyimpumelelo. Amagama enzwe abangcwele Nguye oyewawagcwalisa abe ulwazi lwangempela kubobonke. Wakhumbule. Wanakekele. Wahloniphe. Uvukile.”<sup>6</sup>

#### AMANOTHI

1. “Uvukile,” *iLiahona*, Apr. 2003, 7.
2. “Ekuhlukaneni,” *iLiahona*, May 2011, 114.
3. “Khona manje isikhathi,” *iLiahona*, Jan. 2002, 68; bona futhi uJohane 11:25–26; 14:27.
4. “Uvukile,” *iLiahona*, uMeyi 2010, 89, 90; bona futhi uJobe 14:14; uMatewu 28:6.
5. “Ngiyazi Ukuthi Umsindisi Wami Uyaphila” *iLiahona*, uMeyi 2007, 24, 25.
6. *iLiahona*, Apr. 2003, 7.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Emva kokwabelana nezingcezu zenkulumo evela kumlayezo kaMongameli uMonson, naka ubufakazi lobo akubekayo ngenqondo eyiqiniso ngePhasika. Ungabuza amalunga omndeni lemibuzo elandelayo: “Kusho ukuthini kuwe ukuthi umprofethi ophilayo ubeke ubufakazi bakhe

ngalamaqiniso namuhla? Ungawasebenzisa kanjani empi-lweni yakho?” Cabanga ngokungeza kubufakazi bakho.

## INTSHA

### Ngizakumbona Yena Futhi

NguMorgan Webecke

**U**baba wenza omunye nomunye wethu azizwe ekhethekile. Wayesithanda futhi ekwazi ukusixolela kalula. Wenza konke okusemandleni akhe ukuqiniseka ukuthi omunye nomunye wethu wayejabulile, futhi wenza kwabasobala ukuthi wayefuna okuhle kakhulu ngathi. Ngangimthanda kakhulu.

Ngenkathi ngikwibanga lesithupha, ubaba wami washona engozini yenqola. Umndeni wami futhi nami sasidumele. Kwaba nesigodi esikhulu emndenini wami. Ubaba wayenguyena engangiqamele kuyena, loyo engangiya kuyena uma ngihlangabezana nezinkinga. Esikhundleni sokuba ngifune usizo, Ngavumela intukuthelo futhi nokukhubazeka kwahlala. Ekugcineni nganquma ukuthi kwakuyiphutha likaNkulunkulu. Ngayeka ukufunda izincwadi zemibhalo ezingcwele kanye nokukhuleka. Ngaya esontweni kuphela ngoba uMama wayefuna. Ngazama ukuba kude kunoBaba wami waseZulwini.

Bese-ke ngaya kwinkampu Yabesifazane Abasebasha okokuqala. Ngangithanda ukuhlangana nabangane abasha, kepha ngaqhubeka ngangafundi izincwadi zemibhalo engcwele. Ebusuku bokugcina, saba nenhlangano yokubeka ubufakazi. Ngezwa into esekuyisikhathi eside ngingayizwa: uMoya. Ngathanda amantombazane asukuma abeka ubufakazi babo, kepha angizange ngasukuma ngokuba ngacabanga ukuthi nganginganabo. Masishane ngazizwa sengathi kwakumele ngiphakame. Ngavula umlomo wami, ngicabanga ukuthi ngingathini. Ngase ngithi ngiyabonga ngenkampu Yabesifazane Abasebasha. Bese ngazithola ngisho ukuthi Ngangikwazi ukuthi uJesu Krestu wangifela futhi ukuthi uBaba wami waseZulwini wayengithanda nokuthi iBandla lalingeleqiniso.

Ngangigcwele uxolo olumangazayo. Ngiyabonga ngalesifundo Ngingasho ukuthi Ngiyazi ngizakubona ubaba wami futhi ngenxa Yokwehlawulelwa kanye Nokuvuka Kwabafileyo koMsindisi.



# Thanda, Qapha, futhi Qinisa

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxeny ebalulekile yempilo yakho.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

**N**jengoMsindidi, abothisha ngokuvakasha bafundisa omunye nomunye (bona 3 uNifayi 11:15 Siyazi siphumelele ekufundiseni njengabothisha bokuvakasha uma odade bethu bethi: (1) uthisha wami ngokuvakasha ungisiza ngikhule ngokomoya; (2) Ngiyazi uthisha wami ngokuvakasha ungikhathalele kakhulu mina kanye nomndeni wami (3) uma ngingenkinga ngiyazi ukuthi uthisha wami uzakwenza okuthize ngaphandle kokulinda ukuba acelwe.<sup>1</sup>

Singaba nothando kanjani njengabothisha bokuvakasha, siqaphe, futhi siqinise udade? Okulandelayo imibono emine etholakala kwisahluko 7 sa *Madodakazi Embusweni Wami: Umlando futhi Umsebenzi Wenhlango Yabesimame Yenkululeko* ukusiza othisha ngokuvakasha bafundise odade babo:

- Khulekela yena nsuku zonke futhi nomndeni wakhe.
- Funa ugqozi lokwazi yena kanye nomndeni wakhe.
- Vakashela yena njalo ukuba uthole ukuba uphila njani umduzuze futhi umqinise.
- Hlala njalo uxhumene ngokuvakasha, ngocingo, izincwadi, e-mail, imilayezo ebhaliwe, futhi nezenzo ezilula ezinomusa.
- Mbingelele emihlanganweni yeBanda.

- Msiza uma enesenzakaliso esisheshayo, egula, noma isidingo esisheshayo.
- Mfundise ivangeli ngezin-cwadi zemibhalo engcwele futhi Nomlayezo Wokufundisa Ngokuvakasha.
- Mgququzele ngokukhombisa ngesibonelo esilungile.
- Bika kumholi weNhlango Yabesimame Yenkululeko ngomsebenzi yabo nangesimo somoya wodade kanye nempilo yabo.

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

“Ukufundisa ngokuvakasha kuyekwaba inqola kubodade Abangcwele Bezinsuku Zokugcina kumhlaba wonke wonke ukuba bathande, banakekele, futhi basebenzele abanye —ukuba ‘benze ngalelozwelo lolo olutshalwe ngu-Nkulunkulu phakathi [ezi] fubeni zethu,’ njengoba uJoseph Smith wafundisa.”<sup>2</sup>

Udade osanda kushonelwa ngumyeni wakhe wakhulumo ngothisha bokuvakasha bakhe: “Balalela. Bangiduduzela. Bakhala nami. Futhi bangigona. . . . [Bangisiza] ngaphandle kokudangala okunzulu kanye nokudumala kwezinyanga lezo ezimbalwa zokuqala zokuba nesizungu.”<sup>3</sup>

Ukusiza ngemisebenzi ephelayo enye yendlela yokufundisa. Kwinkomfa kawowonke ngomhlaka Okthoba 1856, uMongameli

uBrigham Young wamemezela ukuthi amaphayoniya wezinqola zezandla babhajwa kwiqhwa elalinzulu 270–370 yamamayela (435–595 km) ngokuqhela. Wabiza Abangcwele bezinsuku –Zokugcina eSalt Lake City ukuba basindise futhi ukuba “babheke ngokuqinileyo kulezo zinto esizibiza ngokuthi ezidlulayo.”<sup>4</sup>

uLucy Meserve Smith wabhala phansi ukuthi abesifazane bakhumula izingubo zokumbhatha zabo ezangezansi ezifudumele kanye namasokisi khona lapho ethabenekeli futhi baziqoqa bezifaka ezinqoleni ukuze bazihambisele amaphayoniya agodolayo. Bese-ke beqoqa izingubo zokulala futhi nezingubo zalabo abazakuza ekugcineni nezinto ezimbalwa. Ngenkathi inkampani yenqola yezandla ifika, ibhilidi “edolobheni laligcwele izimpahla zabo.”<sup>5</sup>

## **AMANOTHI**

1. Bona uJulie B. Beck, “Yini Engikuthembile ukuthi Abazukulwane Bami Abangamantombazane (kanye Nabangabafana) Bazakuzwisisa mayelana neNhlango Yabesimame Yenkululeko,” *iLiahona*, Nov. 2011, 113.
2. *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlango Yabesimame Yenkululeko* (2011), 112.
3. *Amadodakazi Embusweni Wami*, 119–20.
4. uBrigham Young, “Ukuphawula,” *Deseret News*, Oct. 15, 1856, 252.
5. Bona *Amadodakazi Embusweni Wami*, 36–37.

## **Kuvela embhalweni Ongcwele**

uLuka 10:38–39; 3 Nifayi 11:23–26; 27:21

### ***Ngingenzenjani?***

**1.** Ngingazi kanjani ukuthi odade bami badingani?

**2.** Bangakwazi kanjani odade bami ukuthi ngibakhathalele kakhulu?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).